

# Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English / isiXhosa

February 2022 Edition 1

## Hats off to the Class of 2021

**D**espite the challenges faced by the matric class of 2021 due to the Coronavirus Disease (COVID-19), they achieved a pass rate of 76.4%, earning the praise of President Cyril Ramaphosa.

This is an improvement of 0.2% from the pass rate of 76.2% achieved by the class of 2020.

Announcing the results of the National Senior Certificate (NSC) exam results recently, Basic Education Minister Angie Motshekga said 537 687 candidates passed the 2021 NSC exams.

"The number of candidates qualifying for admission to Bachelor studies at universities, is 256 031 – an improvement of 21.4% from 2020. This represents 36.4% of the total number of candidates who wrote the 2021 NSC exams," the Minister



The Matric Class of 2021 was applauded on their success with the overall pass rate at 76.4%.

added.

The number of candidates who achieved Diploma passes stood at 177 572, while 103 859 candidates

achieved Higher Certificate passes.

"We must state that KwaZulu-Natal and Gauteng contributed the most Bache-

lor passes in the combined Bachelor passes of 117 704, which is equivalent to 46.0% of the overall Bachelor passes nationally."

"It is important to note that a total of 433 603 candidates – equivalent to 61.6% who achieved Bachelor and Diploma passes, are now eligible for studies at Higher Education Institutions. The 103 859 candidates – equivalent to 14.7% - who obtained Higher Certificate passes, may register at TVET and other skills training institutions," the Minister added.

She applauded the Class of 2021 for their achievement, saying they were most impacted by the COVID-19 pandemic after enduring two years of harsh exposure to the virus and disruptions.

Minister Motshekga said that for the past 10 years, the NSC pass rates have consistently increased, from 60% in 2009, to above 70% in recent years.

President Ramaphosa also congratulated the Class of 2021 on their success.

"We applaud the multiple successes and improvements recorded by learners during the second year of challenges presented by COVID-19.

"Equally commendable is the support given to learners by educators and parents who made sacrifices of their own and placed the interests of learners ahead of their own concerns," he said.

[SAnews.gov.za](http://SAnews.gov.za)



Free training and services for businesses

Page 6



New shelters to support GBV survivors

Page 5



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:



Search for SA Government on Google playstore or appstore

CONTACT US

Website: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)  
[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

Email: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)  
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:  
1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 00083



FREE COPY NOT FOR SALE



"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE  
SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPHA  
U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA  
FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO  
SIHAMBA EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



# Masisebenze ngokubambisana ukuqinisa intando yeningi labantu

**N**jengoba iNingizi-mu Afrika ingena onyakeni omusha, besibhekene nemicimbi emibili ejulile esikhumbuza, ngezindlela ezahlukene, ngokuthi yini esihlanganisa ndawonye njengabantu.

Ngosuku lokuqala lonyaka kowezi-2022, isizwe sabuthana ndawonye ngomoya wokuzovalelisa owayengu-Mbhishobhi omkhulu u-Desmond Tutu esontweni i-St George's Cathedral eKapa.

Kwakungumzuzu obuhlungu kakhulu ngesikhathi sikhumbula impilo negalelo lesakhamuzi esithandekayo sezwe lakithi, ngezindlela eziningi, ebelsingunembeza wokuziphatha esizweni sa-kithi.

Ngesikhathi esifanayo, umngcwabo wakhe wabungaza ubugugu ayebumele.

Kwakungumbango wobumano kanye nokuhlukahlu-kana kwabantu bakithi, futhi kuyisikhumbuza sokuzidela okwensiwa ngabantu abaningu ukuze sizuze intando yeningi labantu ezweni lakithi.

Ngosuku lwesibili lonyaka kowezi-2022, izwe labuka isigigaba esethusayo njengoba umlilo wawushisa wangqo-nqisa iPhalamende lezwe lakithi, ebangeni elingamamitha ayikhulu ukusuka lapho sasibuthene khona ukuyo-hlonipha okokugcina owayengu-Mbhishobhi omkhulu u-Tutu.

Okwehlisa amaphaphu kithina wukuthi akekho namunye umuntu ovalahlekela yimpilo yakhe futhi akekho nowalimala kulesi sigigaba somlilo. Sibonga kakhulu kubasebenzi bezicishamlilo abalwe nelangabi lomlilo futhi bagcina belicishile.

Uphefyo mayelana ne-mbangela yokuqubuka kwalomlilo luyaqhube ka njenga-



manje. Kudingeka ukuthi siqinisekise ukuthi kuyaphenyisiswa futhi kupothulwe ngaphandle kokubambezela.

Izwe kumele lazi ukuthi kwenzakalani.

Kunezinhlelo ezenziwe ukuze kuqinisekiswe ukuthi ukusebenza kwePhalamende kuyaqhube ka noma ngabe izakhiwo zalo zingeke zishtenziswe.

Kubalulekile ukuthi iPhalamende liqhubeku nokubheka futhi liphasise imithetho ezoguqula umphakathi futhi liqhubeku nokuhlinzeka ngokwengamela kanye nokuqinisekisa ukuziphendulela njengoba uhulumeni esebezelwa ukufeza igunya alitholile kubantu.

Ngaphandle kokusondelana kwesonto i-St George's Cathedral kanye nePhalamende, okuhlanganisa le micimbi emibili ukuthi ngamunye umcimbi usikhumbuza okusihlanganisayo njengabantu baseNingizimu Afrika: intando yeningi labantu yethu.

Sikhalela u-Desmond Tutu ngoba ubengubaba ngokomoaya wentando yeningi labantu yethu.

Siphelelwa yithemba uma sibheka indlela izakhiwo zethu zePhalamende ezice-

keleke phansi ngayo ngoba ziyyisizinda sentando yeningi labantu.

Ziyindawo lapho uMthethosisekelo wethu wentando yeningi labantu omusha wemukelwa khona ngokusemthemthweni eminyakeni engama-25 eyedlule, futhi kulapho kwaphasiswa khona amakhulu emithetho yoguquko.

Singehlezi sikubona lokho, kodwa umlilo wase-Phalamende ukhombise ukuthi abantu baseNingizimu Afrika bazizwa beqine kangakanani ngentando yeningi labantu yabo.

Lokho futhi kuyisikhumbazo sokuthi kubaluleke kangakanani ukusebenzisana ukuqinisa futhi sivikele lentando yeningi labantu.

Ngesikhathi izakhiwo ze-Phalamende lethu zicekeleke phansi ngendlela yokuthi ngeke zisebenziseke, isikhungo sePhalamende siyahubeka nomsebenzi waso wokusiza abantu.

Lesi yisikhumbazo esibalulekile sokuthi izikhungo zethu wentando yeningi labantu azichazwa yizakhiwo ezihlala kuzo, kodwa zichazwa ngumsebenzi eziwenzayo kanye nokuzethemba abantu abanakho kuzo.

Lokhu kuyiqiniso ngazo zonke izikhungo zentando yeningi labantu.

Njengoba umlilo wase-Phalamende ugcine ngokucima, iBamba leNhloko yamaJaji u-Raymond Zondo wathumela ingxenye yokuqala yombiko weKhomishana ephenya ngokuQhwagwa koMbuso.

Le ngxenye yalo mbiko inemininingwane yokuthi izikhungo zikahulumeni eziningi zangenwa kanjani, zaphangwa futhi zacekelwa phansi kangakanani.

Lokhu kuhlanganisa izinkampani zikahulumeni ezifana neZezindiza zaseNingizimu Afrika, Uphiko Lohlelo LukaHulumeni Lwezokuxhuma Nokudluliswa Kolwazi kanye noMnyango Wokuqo-qwa kweNtela eNingizimu Afrika.

Le ngxenye yombiko idweba isithombe esikhathazayo kakhulu sokuthi izikhungo ezisemqoka zentando yeningi labantu zafakwa engcupheni futhi zabukelwa phansi ngehnloso yokwenza ubugebengu.

Akusikhona nje kuphela ukuthi kwantshontshwa imali ebalulekile, kodwa lezi zikhungo azange zikwazi ukufeza umsebenzi ezazisungulelwu ukuthi ziwenze.

Imiphumela kanye nezincomo zeKhomishana kaZondo kuzosiza ukuthi izwe la-khe kabusha lezi zikhungo futhi zenze ukuthi labo abathintekayo bethweswe amacala abafanele.

Kumele siqinisekise ukuthi siyazisebenza ekuvikeleni lezi zikhungo esikhathini esizayo ukuze zingaphinde ziqhawgwe.

Kumele sivikele noma yini futhi nayo yonke imizamo yokucekela phansi intando yeningi labantu yethu esa-yizuza ngokusebenza kanzima – noma ngabe le mizamo ithatha uhlobo lwenkohlakalo ezinkampanini zikahulumeni, ukuketulwa kwezikhungo zethu eziqinisekisa ukuthotshelwa komthetho, ukuceke-lwa phansi kwengqalasizinda yethu yezomnotho, noma ukuhlasela ukuzimela kanye nobuqotho bezobulungiswa bethu.

Kufanele siuwivikele uMthethosisekelo wethu, umbuso wethu wentando yeningi labantu kanye nenqubo ezimele yokhetho evela kunoma ngubani ofuna ukwenza intando yethu yeningi labantu ibe buthakathaka futhi enqabela abantu base-Ningizimu Afrika inkululeko yabo abayizuze ngokusebenza kanzima.

Ziningi izinselelo okumele sibhekane nazo njengoba sisebenzela ukwakha kabusha futhi silulame emiphumeleni emibi yobhubhane lwe-COVID-19.

Uma sisensa kanjalo, masithole amandla kanye ne-sikhuthazo ekuzinikeleni kwethu okujulile entandweni yethu yeningi labantu kanye nentshisekelo yethu efanayo yokwakha isizwe esibumbene, esikhululekile futhi esinokulungana.

Nginifisela konke okuhle kulo nyaka esibhekene nawo.

# Ukuqeqeshwa kwamahhala kanye nezinsiza zokwenza amabhizini

**KUYINQUBO ENGADINGI** maphepha futhi inkampani izobhaliswa kungakapheli isikhathi esingamahora angama-24 emva kokuthumela isicelo.



## Kgatiso Thakole

**I**zinhlaka ezintathu zikahulumeni zigxile ekwenzeni lula indlela yokwenza ibhizinisi eNingizimu Afrika ukuze kukhuliswe umnotho.

Izingxoxo zezokuxhumana ezenziwa ngezobuchwepheshe ezaziwa nge-Vuk Talks ebezibanjwe, wuPhiko Lohlelo LukaHulume ni Lwezokuxhumana Nokudlulisa Kolwazi, bezibanjwe ukuze kugqugquzelwe igunya, izinqubomgomu kanye nezinsiza ezihiLinzeKwa yiKhomishana Yoku bhalisa Izinkampani Nemphala Yokuzakhela (i-CIPC), Izinkantolo Zezinkampani (ama-CT) kanye neKhomishana Enkulu Egxile Eku thuthukisweni Komnotho wabantu Abamnyama i-Broad-Based Black Economic Empowerment (i-B-BBEE).

Zonke lezi yizinhlaka zoMnyango Wezoku hwebelana, Ezezimboni kanye Nokuncintisana.

Ngokuka-Ofentse Shakung, onguMphathi we-CIPC Yezokusungula kabusha kanye Nokubambisana futhi onguMqondisi we-E learning, i-CIPC inemebenzi eminingi eyenzayo, okubandakanya ukubhalisa izinkampani, imifelandawonye kanye namalungelo obunikazi bempahla yokuzakhela (uphawu

lokuhweba, ilungelo lobunikazi, ukwakheka kanye nelungelo elivikela ubunikazi).

I-CIPC isithuthukise isizinda-lwazi sayo esibizwa phecelezi nge-BizPortal esizokwazi ukunikezela ngethuba lokubhalisa inkampani ngezobuchwepheshe be-inthanethi kanye nezinye izinsiza ezinobudlelwano obusondeleno nabo ukuze zenze lula inqubo yokubhalisa ibhizinisi futhi kulan delwe zonke izidindo.

I-BizPortal inikezela ngethuba lwsizinda-lwazi lokubhalisa kwenkampani kulabo abafuna ukuqala ibhizinisi, ukubhalisela intel, ukubhalisela igama lesizinda, ukufaka isicelo sesitifiketi se-B-BBEE, ukubhalisela uxhaso Lwesikhwama Sesinxephezelo kanye neSikhwama Somshwalese Wabalahlakelwe nguMsebenzi kanye nokuvula i-akhawunti yasebhange yebhizinisi.

“Kuyinqubo engadingi maphepha futhi inkampani izobhalisa kungakapheli isikhathi esingamahora angama-24 ngemva kokuthumela isicelo sokubhalisa.

Siphinde futhi sengeza ngezinsiza zebhizini zakwa-Google, zokwenza izinkampani zikwazi ukwenza iprofayili yebhizinisi kanye newebhusayi thi yenkampani enga-

guquguuki ku-Goog le mahhala,” kusho u-Shakung.

Ukuze ukwazi ukusebenzisa lezi zinsiza, vakashela ku-[www.bizportal.gov.za](http://www.bizportal.gov.za) futhi bese ucofoza u-'register' maphezulu nekhasi lakho.

Le ntuba yalesi sizinda-lwazi sewebhusayihi kulula ukuyisebenzisa futhi inikeza ulwazi lwsinyathelo nesinyathelo solwazi lokubhalisa ibhizinisi.

## Ukuqeqeshwa kwamahhala

I-CIPC kamuva iphende yethula ngoku semthethweni isizinda-lwazi sokuqequesha ngezobuchwepheshe be-inthanethi esibizwa phecelezi nge-Learn-i-Biz ukusiza abaqondisi bamabhzinisi amancane, amaphakathi kanye nasafufusa futhi sisize osamabhizini si ngokuthi bakhulise amakhono abo okuthi baqhube amabhzinisi ngempumelelo, ngesikhathi beqini sekisa ukuthi izidingo zezomthetho ezifanelekile ziyathotshelwa.

“Lesi sizinda-lwazi singumhlahlandela wokufunda wezobuchwepheshe bedijithali futhi sihlanganisa ukufundisa ngevidiyo kanye nokuzivivinya wena ngesifundo ngasinye kweziyisikhombisa,” kusho u-Chicktay.

Enye insiza yamahala ehlizenzekwa yi-CT umqondisi, abantu abasemqoka enkampanini, amagunya abaqondisi, izinjongo zezimali zomuntu siqu kanye nokungqubuza na kwezintshisekelo, imiholo nokwabelana ngezinzu kwabaqondisi kanye nebhodi labaqondisi.

Ukuze ubhalisele ukueqeshwa, vakashela ku: [www.elearning@cipc.co.za](http://www.elearning@cipc.co.za).

## Izinkantolo Zezinkampani

UDkt Mohammed Chicktay, onguSihlalo weZinkantolo Zezinkampani i-CT, wachaza ukuthi le nhlangano isiza ekuhlinzekeni ngesixazululo esisheshayo ezingxabanweni zenkampani, eziphathelene nezicelo kanye nezikhalo ezenzi we ngokoMthetho Wezinkampani wama-71 kowezi-2008.

Izikhalo zibandakanya amagama enkampani, ukuphathwa kwayo kanye nokukhululwa ekusunguleni amakomidi omphakathi kanye nezimiso zokuziphatha.

Iphinde icubungule ukuthotshelwa kwezimemelozekhishwa yi-CIPC, okuhlobene nokwelulwa kwsikhathi sokulungiselela izitamende zezezimali zonyaka kanye nokubiza imihlangano kawonkewonke yonyaka.

“I-CT isebeza ngezice lo ezahlukahlukene.

Ngesikhathi se-COV ID-19, isibonelo nje, sathola izicelo eziningi zokwelulwa kosuku lokumemezela umhlangano waminyaka yonke,” kusho u-Chicktay.

Enye insiza yamahala ehlizenzekwa yi-CT yisixazululo sesikhalo. Umuntu angadlulisela inkinga yakhe kumla-

muli, kwezokubuyisana noma ngesinquomo somlamuli, njengenye indlela ngaphandle kokuthi aye enkantolo.

I-CT isebeza njengo mlekeleli phakathi kwezinhlangothi ezithintekayo.

“I-CT igqugquzelu ukulamula ukuze isindise imisebenzi, ikakhulukazi ngalesi sikhathi se-COV ID-19, futhi abantu kufanele baqale ukuyise benzisa kakhulu,” kusho u-Chicktay.

**Ngolwazi oluthe xaxa ngezinsiza ezihiLinzeKwa yi-CT, vakashela ku [www.companiestribunal.org.za](http://www.companiestribunal.org.za)**

## IKhomishana ye-B-BBEE

NgokukaLindiwe Madonse la, onguMphathi Omkhulu Wokuthotshelwa kweKhomishana i-B-BBEE, igunya lebhizini ngukwengamela, siphathe futhi sikhuthaze ukulandelwa komthetho we-B-BBEE wama-46 kowezi-2013.

Iphinde iphenye izindlela zokufolosa; ihlose ukukhulisa ulwazi kanye nokukhuthaza ukupwashisa umphakathi nge-B-BBEE, ngokuqalisu izinyathelo zemfundu kanye nokuqwassis a; futhi inikezela ngomhlahlandela emphakathini.

Noma yimuphi umuntu osolayo noma owaziyo ngokupulwa kwalo Mthetho, njengokuthi kufoloswe ngabantu abamnyama ukuze bathole amaphuzu e-B-BBEE, angafaka isikhala kwikhomishana.

Isibonelo nje, abasebenzi enkampanini bangase bazi ukuthi inkanpani ifolosa ngabantu abamnyama njengabanika zi-masheya noma izikhulu, kanti akunjalo, kusho uMadonsela.

Ngolwazi oluthe xaxa ngeKhomishana ye-B-BBEE, vakashela ku: [www.bbbeecommission.co.za](http://www.bbbeecommission.co.za).